

Iziqondiso Sezinkomba Esisheshayo: Umhlahlandlela Wemithetho Yethu Yokuziphatha



Lo mhlahlandlela, yize ungathathi indawo Yomthetho Wethu Wokuziphatha, usebenza njengesisetshenziswa esiwusizo uma kuphakama izinkinga zokukhathazeka noma zesimilo emsebenzini. Ukuze uthole imininingwane, bhekisela eMithethweni yethu.

Siyathembeka

Inhloso Yethu

Ukucebisa izimpilo zabantu abakhiqizayo nalabo abasebenzisa imikhiqizo, siqiniseke ukuthi kunentuthuko ezizukulwaneni zesikhathi esizayo.

Silandela Izimiso Zethu

Izimiso zethu ziwumngodla kithi. Zisitshela lokho esiyikho nalokho esikumelelayo. Ziyizinkolelo eziyisisekelo ezilawula izinqumo zethu futhi zisize ekulolongeni isiko lethu. Impumelelo yethu incike kuzo zonke izisebenzi zethu ukuba zamukele futhi ziphile ngeZimiso zethu ngaso sonke isikhathi.

<p>Sicebisa izimpilo zabantu Sizibophezele ekuthuthukiseni izimpilo nomhlaba. Njengabaholi, siphishekela injongo edlulela ngale kwezinzuzo zethu ukuze sizuzise umphakathi.</p> <p>Sineqholo Singabaholi abenza izinto ngesibindi. Siyazamukela izinselele ezikhona embonini yethu njengezethu futhi sithatha isinyathelo ukuze siqiniseke ukuthi ezolimo ziyathuthuka futhi ziyachuma.</p> <p>Sinelulukulu Sisungula izinto ezintsha singaphezi. Sisheshisa izinga lethu lobuchule ukuze sivele nezisombululo ezizoletsa inala yokudla okuseqophelweni eliphezulu, manje nosesikhathini esizayo.</p>	<p>Sakha ndawonye Siyakhula ngokusebenza ndawonye. Kufanele samukele ukungafani kwabantu futhi sibambisane ukuze sakhe inkampani eyodwa futhi sifinyelele kuyo yonke imikhakha yokudla, sakhe inzuzo ehlanganyelwe.</p> <p>Siyathembeka Njalo senza okufanele, silondoloza izimiso eziphakeme zesimilo futhi senze ibhizinisi ngokuphepha nangokungafihli.</p> <p>Siphila ngokuphepha Siqhakambisa ukuphepha nemvelo kukho konke esikwenzayo.</p>
--	--

Indlela Yokuthembeka (Ukwenza Izinqumo Ezinesimilo)

Izimiso Zethu Ziqondisa Lokho Esikukhethayo

Izimiso zethu ziqondisa izinqumo zethu nokuziphatha. Ukubuza imibuzo elandelayo kungasisiza sicabangisise ngezindaba futhi sifinyelele ezinqumweni ezingcono.

Ziyini izibopho zami kulesi simo?

Yiziphi izimiso ezingathintwa yilesi sinqumo?


Imithetho Yethu Yokuziphatha isebenza kanjani?

Ingabe nginezibopho ezisemthethweni okufanele ngizicabangele?

Uban/yini engathintwa yilesi sinqumo?

- Amakhasimende?
- Abanimasheya?
- Ozakwethu?
- Ozakwethu bebhizinisi?
- Imiphakathi yendawo?
- Izikhulu zikahulumeni?
- Izimbangi?
- Mina, umndeni wami noma izihlobo?
- Umhlaba, imvelo?

Uma usucabangisise ngezibopho zakho nemiphumela yesinqumo ngasinye, ungathatha izinyathelo ezilandelayo ukuze zikusize uxazulule udaba.



Ukukhuluma Ngokungesabi Nokucela Usizo

Njalo Khuluma Ngokungesabi

Uma sibona ukuziphatha okusolisayo noma okungqubuzana nezimiso, noma sinombuzo mayelana nokusetshenziswa kwenqubomgomo, kuyisibopho sethu ukukhuluma singesabi futhi sifune usizo.

Indawo yomsebenzi enezimiso ezifanele yakhiwa yizisebenzi ezinesimilo, ezizimisele ukuveza ukuziphatha okusolisayo, ezicophelelayo, futhi eziziphendulelayo kwabanye ukuze siphile ngeZimiso zethu. Ukuziphatha ngokwethembeka kuwumzamo wokubambisana.

Ukubuza Imibuzo Nokuthola Usizo

Uma isisebenzi sinokukhathazeka ngezesimilo noma umbuzo, umholi waleso sisebenzi uwusizo lokuqala nolungcono kakhulu. Uma umholi wethu engatholakali, noma uma singakhululeki ukuxoxa udaba nomholi wethu, kukhona nalezi zindlela ezilandelayo ezizusizo:

- Omunye umholi
- Isikhulu Sezesimilo Nokubambisana Nomthetho
- UMnyango Wezomthetho
- UMnyango Wezezimali
- UMnyango Wezindaba Zabasebenzi

Ukungazigaguli Nobumfihlo

Siphatha yonke imibiko yezikhalazo zesimilo, kubandakanye neya eNombolweni Yosizo, njengeyimfihlo.

Izisebenzi zingacela ukuba zingagagulwa uma kugcwaliswa umbiko wezesimilo. Izikhalazo zesimilo ezithinta imisebenzi yobugebengu noma engqubuzana nomthetho zingabikelwa iziphathimandla ezifanele.

Ukungabekezeli Nhlobo Ukuziphindiselela

Singalondoloza iZimiso zethu kuphela uma sizizwa siphephile ukukhuluma singesabi. Asikubekezeli ukuziphindiselela kunoma ubani obika ngezinhloso ezinhle ukuziphatha okusolisayo nanoma ubani osiza ngophenyo. Noma isiphi isisebenzi sase-Corteva Agriscience™ esithatha noma esisongela ukuthatha isenzo sokuziphindiselela esisebenzini esibike ngezinhloso ezinhle ukuziphatha okungafanele sizothathelwa izinyathelo zokuqondisa izigwegwe, kuze kufinyelele ngisho nasekuxoshweni emsebenzini. Ezimweni ezithile, ukuziphindiselela kungaholela emacaleni omthetho kanye/noma obugebengu.

Inombolo Yosizo Ye-Corteva Agriscience™:

+1-833-400-1141

Ifomu Lokubika Kuwebhu Le-Corteva
Agriscience™:

<https://reportanissue.com/corteva>

